

UMnyango Wezokuvakasha
Izinhlelo Zokuthuthukisa Amakhono

1. Uhlelo Lokuqeqeshwa Komsizi Wewayini

Uhlelo Lokuqeqeshwa Komsizi Wewayini (usomeliya) oluhlinzeka ngokuqeqeshwa kwentsha engasebenzi ukuze kwandiswe amathuba emisebenzi emkhakheni wezokwamukelwa kwezivakashi kanye nezokuvakasha.

Iziqu ezinikezwayo: Isitifiketi Sohlelo Lwamakhono, esiqondiswe kwabahlomulayo abasha abangasebenzi sesikhathi esiyizinyanga ezintathu. Ukuqeqeshwa kugunyazwe yisiPhamandla Samasiko, Ubuciko, Ezokuvakasha, Ezokuzijabulisa Nomkhakha Wezemidlalo Kwezefundo (i-CATHSSETA) kanye Nenhlango YaseNingizimu Afrika Yamasomeliya (i-SASA).

Indlela yokukhetha abazohlomula injengoba ilandela:

- Abafakizicelo bafanele babe neminyaka ephakathi kweyi-18-35;
- Umatikuletsheni womuntu okhuluma kahle isiNgisi noma abe neZiqu Kwezokuvakasha Nokwamukelwa Kwezivakashi (hlinzeka ngamakhophi aqinisekisiwe ezitifiketi);
- Ikhophi kamazisi eqinisekisiwe (isaKhamuzi SaseNingizimu Afrika);
- Intsha engasebenzi ebandakanya abantu abaphila nokukhubazeka;
- Ubufakazi bendawo yokuhlala, kanye nanoma yis(z)iphi es(z)inye isitifiketi/izitifiketi es(z)ifanele;
- Abahlomulayo bathola isibonelelo sansuku zonke sama-R150;
- Abahlomulayo ababambe iqhaza ezinhlelweni zoMnyango zelenashiphu noma zamakhono phambilini, bafanele badalule encwadini yokusekelela.

Imibuzo ingathunyelwa ku- skilldevelopment@tourism.gov.za

2. Uhlelo Lokuqeqesha Abapheki Nabalungisa Ukudla

Uhlelo Lokuqeqesha Abapheki Nabalungisa Ukudla luhlinzeka ngokuqeqeshwa kwentsha engasebenzi ukuze kwandiswe amathuba emisebenzi emkhakheni wezokuvakasha kanye nokwamukelwa kwezivakashi.

Lolu hlelo kuhlose ngalo ukuqeqesha intsha engasebenzi emkhakheni wokulungiswa kokudla ukuziphilisa. Lwakhiwe ithiyori engama-30% kanye nokuqeqeshwa ngokwenza okungama-70%.

Iziqu ezinikezwayo: Uhlelo lwamakhono luthatha isikhathi esiyizinyanga eziyisithupha futhi luqondiswe entshni engasebenzi.

Indlela yokukhetha abazohlomula injengoba ilandela:

- Abafakizicelo bafanele babe neminyaka ephakathi kweyi-18-35;
- Umatikuletsheni womuntu okhuluma kahle isiNgisi noma abe neZiqu Kwezokuvakasha Nokwamukelwa Kwezivakashi (hlinzeka ngamakhophi aqinisekisiwe ezitifiketi);
- Ikhophi kamazisi eqinisekisiwe (isaKhamuzi SaseNingizimu Afrika);
- Intsha engasebenzi, kubandakanya nabantu abaphila nokukhubazeka;
- Ubufakazi bendawo yokuhlala, kanye nanoma yis(z)iphi es(z)inye isitifiketi/izitifiketi es(z)ifanele;
- Abahlomulayo bathola isibonelelo sama-R150 ngosuku.

Imibuzo ingathunyelwa ku- skilldevelopment@tourism.gov.za

3. Uhlelo Lokuqeqeshwa Kwabaqinisekisa Bekhwalithi Yokuphepha Kokudla

Uhlelo Lokuqeqeshwa Kwabaqinisekisa Ikhwalithi Yokuphepha Kokudla luhlinzeka ngokuqeqeshwa kwentsha engasebenzi ukuze kwandiswe amathuba emisebenzi emkhakheni wezokuvakasha nokwamukelwa kwezivakashi futhi luqondise entsheni engasebenzi.

Lolu hlelo luqondiswe entsheni kwezokulungiswa kokudla ukuziphilisa. Lwakhiwe ithiyori engama-30% kanye nokuqeqeshwa ngokwenza okungama-70%.

Iziqu ezinikezwayo: Uhlelo lwamakhono luthatha isikhathi esiyizinyanga eziyisithupha futhi luqondiswe entsheni engasebenzi.

Indlela yokukhetha abazohlomula

- Abafakizicelo bafanele babe neminyaka ephakathi kweyi-18-35;
- Umatikuleletsheni womuntu okhuluma kahle isiNgisi noma abe neZiqu Kwezokuvakasha Nokwamukelwa Kwezivakashi (hlinzeka ngamakhophi aqinisekisiwe ezitifiketi);
- Ikhophi kamazisi eqinisekisiwe (isaKhamuzi SaseNingizimu Afrika);
- Intsha engasebenzi ebandakanya abantu abaphila nokukhubazeka;
- Ubufakazi bendawo yokuhlala, kanye nanoma yis(z)iphi es(z)inye isitifiketi/izitifiketi es(z)ifanele;
- Abahlomulayo bathola isibonelelo sansuku zonke sama-R150;

Imibuzo ingathunyelwa ku- skilldevelopment@tourism.gov.za

4. Uhlelo Lokuqeqesha Intsha Ngokwamukelwa Kwezivakashi: Ukudla Nesiphuzo

Uhlelo Lokuqeqesha Intsha Ngokwamukelwa Kwezivakashi luhlinzeka ngokuqeqeshwa kwentsha engasebenzi ukuze kwandiswe amathuba emisebenzi emkhakheni wezokuvakasha kanye nokwamukelwa kwezivakashi.

Lolu hlelo kuhlose ngalo ukuqeqesha intsha engasebenzi emkhakheni wokulungiswa kokudla ukuziphilisa. Lwakhiwe ithiyori engama-30% kanye nokuqeqeshwa ngokwenza okungama-70%.

Iziqu ezinikezwayo: Uhlelo lwamakhono luthatha isikhathi esiyizinyanga eziyisithupha futhi luqondiswe entsheni engasebenzi.

Indlela yokukhetha abazohlomula

- Abafakizicelo bafanele babe neminyaka ephakathi kweyi-18-35;
- Umatikuleletsheni womuntu okhuluma kahle isiNgisi noma abe neZiqu Kwezokuvakasha Nokwamukelwa Kwezivakashi (hlinzeka ngamakhophi aqinisekisiwe ezitifiketi);
- Ikhophi kamazisi eqinisekisiwe (isaKhamuzi SaseNingizimu Afrika);
- Intsha engasebenzi ebandakanya abantu abaphila nokukhubazeka;
- Ubufakazi bendawo yokuhlala, kanye nanoma yis(z)iphi es(z)inye isitifiketi/izitifiketi es(z)ifanele;
- Abahlomulayo bathola isibonelelo sansuku zonke sama-R150;
- Abahlomulayo ababambe iqhaza ezinhlelweni zoMnyango zelenashiphu noma zamakhono phambilini, bafanele badalule encwadini yokusekelela.

Imibuzo ingathunyelwa ku- skilldevelopment@tourism.gov.za

5. Uhlelo Labaqapha Ezokuvakasha

Uhlelo Labaqapha Ezokuvakasha wuhlelo lwezokuphepha olusetshenziswa ngaphansi koHlelo Olweluliwe Lwemisebenzi Yomphakathi. Loluhlelo lubandakanya ukuqeqeshwa, ukuqeqeshwa emsebenzini kanye nokujutshwa kwentsha engasebenzi ijutshelwa ezindaweni zezivakashi nakuziza zokuvakasha ezihlonzwe kuzo zonke izifundazwe eziyisishiyagalolunye. Izinhloso ezibalulekile zalolu hlelo zibandakanya ukuthuthukisa kokuqwashiswa ngezokuphepha

kwezokuvakasha ezindaweni ezibalulekile zezivakashi nakuzisa zokuvakasha, ukuthuthukiswa kwamakhono entsheni engasebenzi kanye nokunciphisa ubungozi ezivakashini.

Izinkundla zokusebenza ezibalulekile zaBaqaphi Bezokuvakasha abaqashiwe zibandakanya kodwa zingapheleli kulokhu:

- ukugada ngaphakathi ezindaweni zezivaakashi nakuzisa zokuvakasha ezihlonziwe;
- ukugada amabhasi nezimoto zezivakashi;
- ukuqwashisa ngezokuvakasha kanye nokuhlinzeka ngolwazi izivakashi;
- ukwazisa amaPhoyisa aseNingizimu Afrika (i-SAPS) ngezigameko zobugebengu obusolwayo (izindlebe namehlo e-SAPS);
- ukubika nanoma yiziphi izigameko zobugebengu kwa-SAPS noma kwezinye izinhlobo ezifanele zokuphoqelela umthetho;
- ukubhekana nobugebengu okungenzeka buthinte izivakashi (okungukuthi) ukudunwa kwezimoto, ukwebiwa kwezimoto, ukugetshengwa nokugqokeza;
- ukusiza ekusekeleni izivakashi eziyizisulu (izivakashi ezisebunzimeni); kanye
- nokuhlinzeka ulwazi oluyisisekelo lwezokuvakasha mayelana nezindawo zokuvakasha kanye nezwe.

Abaqaphi Bezokuvakasha baqeqeshwa ezinhlelweni ezihlukene ezihambisana namakhono ezigunyaziwe ezifana nokuSiza Izivakashi, eZempilo Nokuphepha Emsebenzini, uKunakekelwa Kwamakhosimende, kanye Nohlelo Lwamakhono Ezokuphepha Nokuvikeleka olugunyazwe yisiPhathimandla Somkhakha Wezokuphepha, Ezemfundo Nokuqeqesha (i-SASSETA).

Lolu hlelo seluqaliswe ngezigaba ezintathu futhi njengamanje lusesigabeni sesithathu. Ukuqeqeshelwa lesi sigaba kuzogxila kusiTifiketi Sikazwelonke: Izingqubo Zokuphepha Okujwayelekile, izinganga le-NQF lesi-3 eligunyazwe yi-SASSETA.

Indlela yokukhetha abazohlomula. Abaqaphi Bezokuvakasha bafanele:

- babe izaKhamuzi ZaseNingizimu Afrika;
- babe neminyaka engama-35 nangaphansi futhi bakwazi ukukhuluma kahle isiNgesi;
- babe nesitifiketi sikamatikuletshe;
- babe nerekhodi lobugebengu elihlanzekile;
- bahlale kumasipala wendawo/kumphakathi osondelene nendawo yokuvakasha;
- babe seduze nendawo yabaqashi nokuqeqesha (efinyelelekayo ngezithuthi zomphakathi);
- kungabi ngaphezu kohlomulayo oyedwa (1) emdenini ngamunye;
- Izingqubo zokuqeqesha ziqondiswe kakhulu entsheni; kodwa-ke, uhlelo lungakwazi ukwamukela amaphesenti amabili (2%) abahlomulayo abangaphezulu kweminyaka yobudala engama-35;
- lapho kunamanani anganele abesifazane noma entsha, abesilisa abafeza lemibandela bayobandakanywa ukuze babambe iqhaza ohlelweni;
 - ❑ kufanele kubekwe eqhulwini labo abahlomulayo abangazange babambe iqhaza kunoma iyiphi i-EPWP/kumaphrjekhthi axhaswe ngumnyango eminyakeni emibili edlule;
 - ❑ abahlomulayo abaphothule okungenani iBanga le-12 bafanele bacatshangelwe ukuqeqeshwa ezifundweni noma kwilenashiphu ye-NQF 2 ukuya phezulu; futhi
 - ❑ bakhethwe kwesinye sezigaba ezilandelayo:
 - Abafundi bakamatikuletshe abangasebenzi okungenani abafunde izifundo zezokuhamba, ezokuvakasha kanye nokwamukelwa kwezivakasha kumatikuletshe.
 - Abantu abadilizwa embonini yezokuvakasha futhi njengamanje abangasebenzi (okungenani isikhathi esingangonyaka); kanye

- Abafundi abangasebenzi abaneziqu ezihlobene nezokuvakasha

UMnyango ukhipha inkokhelo yesibonelelo (ama-R200 ngosuku X izinsuku ezingama-23) ngokuhambisana neSinqumo Somkhakha sesi-5 seLenashphu esikhishwe uMnyango Wezabasebenzi; uhlinzeka ngezimali zezinto zokuzivikela; kanye nokuhlinzeka ngendawo yokusebenza (isib) iGazebo, lapho kunesidingo khona.

Imibuzo ingathunyelwa ku-jmatlala@tourism.gov.za

6. Ukuqeqeshwa Kwabasizi Bezivakashi

Ukusiza izivakashi kuyingxenye ebalulekile yeketanga lokubaluleka kwezokuvakasha njengoba kudlala indima ebalulekile ekwakheni isithombe esihle ngezwe lethu.

ENingizimu Afrika, ukusiza izivakashi umsebenzi olawulwayo onganyelwe ngumthetho kazwelonke nezinqubomgomo. Nanoma yimuphi umuntu ongathanda ukuba ngumsizi wezivakashi ufanele aqeqeshwe njengengxenye yeziqu ezisemthethweni, ezibhaliswe yisiPhathimandla SaseNingizimu Afrika Seziqo Zemfundo (i-SAQA). Lapho ethathwa njengomuntu onekhono, lowo muntu uzothola isitifiketi esikhishwe yiUkuqeqeshwa kugunyazwe yisiPhamandla Samasiko, Ubuciko, Ezokuvakasha, Ezokuzijabulisa Nomkhakha Wezemidlalo Kwezefundo (i-CATHSSETA) noma nanoma isiphi esinye isikhungo esigunyaziwe. Umuntu ophumelele ufanele afake isicelo kwiHhovisi Yokubhalisa Yesifundazwe elifanele ukuze abhaliswe ukuze asebenze ngokusemthethweni.

Indima nomsebenzi womsizi wezivakashi ukuhlela, ukwazisa kanye nokujabulisa. Abasizi bezivakashi kakhulu bangabantu abasebenza ngokuzimele futhi bavamise ukuzisebenza ngezikhathi ezithile zonyaka nangamahora angajwayelekile. Umsebenzi uvamise ukutholwa ngokuxhumana ngqo nabaqhubi bezokuvakasha kanye namanye ama-enjensi futhi ngakho-ke, abasizi bezivakashi bafanele bakwazi ukuzimela futhi bakwazi ukuzithengisa.

UMnyango ubulokhu uxhasa ngezimali izinhlelo zokuthuthukisa amakhono abasizi bezivakashi ukuze kuthuthukiswe izinsizakalo ezihlinzekwa ngabasizi bezivakashi kanye neZinhlelo Zokuqeqesha Abasizi Bezivakashi abasha abafisa ukuyokwenza imisebenzi yokusiza izivakashi. Izinhlelo zijwayele ukwenziwa ezingeni lesifundazwe futhi zikhangiswa emaphephandabeni endawo omphakathi. Ukuqeqeshwa kuvame ukuba kusekelwe ezidingweni futhi kuhloswe ngakho ukubhekana nokunganeli kwamakhono ngaphakathi kulo mkhakha Ngakho-ke, indlela yokukhethwa kwabahlomulayo iyahlukahluka futhi incike ohlotsheni lokungenelela kokuqeqesha.

Imibuzo ingathunyelwa ku: TGtraining@tourism.gov.za

7. Ukwamukelwa Kwemfundo Yangaphambili (i-ARPL) Yabapheki

Uhlelo lokwamukelwa Kwemfundo Yangaphambili Yezingcweti (ARPL) luhlose ukwamukela ukufunda kwangaphambili kwaBapheki ukuze bathole iziqu ezisemthethweni (iziqu zomsebenzi waBapheki - i-SAQA ID 101697).

Inhloso yalolu hlelo ukuthatha abafundi bafakwe enqutsheni ye-RPL ukuze bathole iziqu zabapheki ezingeni le-NQF 5 kanye namazinga esikhundla somsebenzi ochwepheshe. Abaqondiwe abapheki abanamakhono nolwazi abangenazo iziqu ezisemthethweni.

Indlela Yokuqasha

- Iminyaka yobudala eyi-19 nangaphezulu
- Bafanele babe izakhamuzi zaseNingizimu Afrika
- Okungenani isipiliyoni sembonini seminyaka emi-3, usebenza njengompheki ekhishini

- IsiNgisi (Ukufunda nokubhala)
- Intshisekelo engapheli yokudla, ikhono lokusebenza kanzima, iso lemininingwane.

8. Ukufunda Kube Kusetshenzwa (i-inthenshiphu)

UMnyango unohlelo lwe-inthenshiphu lokusekela abaneziqu ekuthuthukiseni ulwazi olusekelwe emsebenzini kanye namakhono ukuze kuthuthukiswe ikhono labo lokuthola umsebenzi emakethe yezabasebenzi jikelele. Lolu hlelo lomnyango luhlose ukwenza ukuba abaqokelwe lolu hlelo ukuba bathole amakhono ngokufunda bebe besebenza futhi bathole isipiliyoni.

Inqubo Yokufaka Isicelo Se-Inthenshiphu:

- Izikhangiso emaphephandabeni kazwelonke, kusizindalwazi somnyango (www.tourism.gov.za) nasezinkundleni zokuxhumana.
- Isicelo sokubamba iqhaza ohlelweni lwe-inthenshiphu sidinga ukubandakanya:
 - o Incwadi yesicelo
 - o Ifomu le-Z83 elitholakala kusizindalwazi somnyango
 - o I-Curriculum Vitae
 - o Amarekhodi ezemfundo aqinisekisiwe kanye namakhophi aqinisekisiwe eziqu
 - o Amakhophi aqinisekisiwe kamazisi (i-ID).

9. Imifundaze

UMnyango ungase unikeze imifundaze yesikhathi esingaphelele noma esiphelele ukuze kuzuzwe iziqu amalungu omphakathi afanelekayo aneminyaka engaphansi kwengama-35. Lokhu kusebenza njengendlela yokuthola umthombo wethalente kumakhono uMnyango owathatha ngokuthi ayivelakancane noma abucayi.

Izinqubo Zokufaka Isicelo Semifundazwe:

- UMnyango ukhangisa amathuba emifundaze emaphephandabeni kazwelonke, kusizindalwazi soMnyango (www.tourism.gov.za) nasezinkundleni zokuxhumana.
- Abafakizicelo bafanele bagcwalise ifomu lesicelo somfundaze woMnyango, bafake amakhophi aqinisekisiwe eziqu, amarekhodi emfundo akamuva, umazisi (i-ID), ubufakazi bokubhaliswa esikhungweni semfundo ephakeme, ubufakazi beholo lomsizi wezivakashi kanye nencwadi esekelayo.
- Amafomu ezicelo afanele aposwe noma alethwe ngesandla.
- Amafomu ezicelo akufanele athunyelwe ngefeksi noma nge-imeyili.
- Amafomu okufaka izicelo ayatholakala ku-www.tourism.gov.za noma etafuleni lokwamukela izivakashi loMnyango Wezokuvakasha.

Ukuxhumana kukhawulelwe kubafakizicelo abaphumelele kuphela.

Yonke imibuzo ingathunyelwa ku:-

UMNYANGO WEZOKUVAKASHA

Isikhungo Sezincingo: 012 444 6730/6621 | I-imeyili: callcentre@tourism.gov.za

IHhovisi Likazwelonke: 012 444 6000

Ikheli Lendawo: Tourism House, 17 Trevenna Street, Sunnyside

Ikheli Leposi: Private Bag X424, PRETORIA, 0001

Isizindalwazi: www.tourism.gov.za: